Downloaded from Stanmorephysics.com


**IMIYALELO**

1. Phendula yonke imibuzo.
2. Bhala ngesandla esicacile nesifundekayo.
3. Qala umbuzo ekhasini Elisha.
4. Qikelela ukusebenzisa upelomagama kanye nokwakheka kwemisho okufanele
5. Leliphepha linemibuzo EMINE:

| | |
|---|---|
| Umbuzo 1 : Isifundo sokuqondisisa | (20) |
| Umbuzo 2 : Umbhalo obukwayo | (10) |
| Umbuzo 3 : Ukufingqa | (10) |
| Umbuzo 4 : Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi engqikithini | (20) |
| **Amamaki esewonke** | **[60]** |

Stanmorephysics.com
Stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA**

Fundidisa lesi siqeshana esingenzansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Ivune abazali inkantolo ngolwamakhamera eMkhumbane Secondary**



*Sithathwe ku www.google.com*

***Zimbili Vilakazi***

1. Baphuphume injabulo abazali basesikoleni uMkhumbane Secondary, eChesterville,kulandela ukuthi inkantolo enkulu yaseMgungundlovu ivune bona ngamakhamera afakwe emakilasini alesi sikole. Lo mbango uqale ngasekupheleni kwenyanga kaMasingane kuwo lo nyaka,ugcine ufinyelela enkantolo ngoMsombuluko maqede yakhipha isinqumo sokuthi angakhishwa.

2. Kwasuka umsindo kulesi sikole, kwaphazamiseka ukufunda amasonto amathathu ngenyanga endlule,ngesikhathi othisha beSadtu belaxaza ukufundisa, befuna akhishwe amakhamera emakilasini. Ngokusho kuka Mnu. Babalo Majola osesigungwini esilawula isikole uthe basizwe yiNatu ukuqhubezela lolu daba enkantolo.Babe sebethola usuku enkantolo kulandela ukwenza isicelo sokuthi lulalelwe ngokuphuthuma lolu daba enkantolo.Ulande wathi siyajabulisa isinqumo esithathwe inkantolo. “Ijaji

Downloaded from Stanmorephysics.com


lishiye elingalazi eMnyangweni ngodaba lwamakhamera, lase linquma ukuthi angakhishwa" kusho uMajola.

3. Uqhube wathi selokhu luqalile ukukhulunywa lolu daba kusuke umsindo omkhulu ngoba bebeloku bemile kwelithi awangakhishwa ngoba awusizo kubafundi nothisha kulesi sikole okuthiwa sinenkinga yokungenelwa yizigebengu mihla namalanga. Uthe abanalo ulwazi lokuthi kuzo kwenzakalani ngenqwaba yothisha beSadtu abalaxaze ukufundisa. Labo thisha bafunga bayagomela ukuthi ngeke babuye ukuzofundisa uma amakhamera engakakhishwa.Okwenza kube nzima kakhulu kubafundi abafunda kulesi sikole.Ungeze wathi akazi nokuthi othisha abakwezinye izinhlangano bona bathini ngalolu daba njengoba laba abasenhlanganweni ye SADTU beshaye phansi ngonyawo bathi ngeke bona balubhade esikoleni uma kungakasuswa amakhamera.

4. Bathe abazi ke ukuthi bazokwenzenjani njengoba isinqumo senkantolo sithi awangakhishwa amakhamera. Ubasole ngokuthi uma babenganeme ngamakhamera afakwe emakilasini kwakumele bakhulume nenyunyana yabo ingenelele, bangashiyi abafundi esithubeni.Uthe abakuthola kubazali abasadiniwe namanje,ukuthi abasafuni ngisho bangashintsha umqondo bathi bayabuya, wathi kusukela balaxaza ukufundisa labo thisha bathola abetoho abakhokhelwa yibo, kusaqhubeka bona.Uthi benze uhlelo lokuqasha othisha abaneziqu abangalekelela ukuqhubeka nokufunda nokufundiswa kwabafundi bakulesi sikole.

5. Uqhube wathi laba othisha abasabambile bazoqhubeka nokulekelelwa kwezingane kulesi sikole njengoba bengekho othisha abazofundisa izingane.Abazali bakhala ngokuthi kuningi okwenzeka emakilasini,ingakho othisha bengafuni kwaziwe.Kanti othisha bona bayakuchitha ukuba khona kwala makhamera emakilasini lapho kufundelwa khona.Bathi bona kuhle abekhona amakhamera ukuqapha isikole hhayi okwenzeka emakilasini lapho besebenzela khona.Bathe amakhamera lawo mawafake ukuqapha

Downloaded from Stanmorephysics.com


ukuphepha esikoleni ukuthi abafundi kanye nabo othisha imbala bavikelekile yini uma besekoleni.

6. Okushaqa nokumangaza kakhulu othisha bakulesi sikole ukuthi abazali bakulesi sikole kanti bazoba nayo imali yokukhokhela othisha abazolekelela abafundi kodwa babala izaba uma kumele balekelele ngezinsiza zokufundisa abantwana babo esikoleni.Bathe bona bayama nelithi akutonyulwe amakhamera asemagunjini okufundela ukuze kuzoqhutshekwa ngemfundo njengenjwayelo

7. Ushaqeke kakhulu umphakathi uma ubona kuqhutshwa ngalendlela kulesi sikole ngoba kugcine kuphazamiseka nokufunda imbala kuso lesi sikole. Abazali bakhale kakhulu ngokubambezeleka kwabafundi emsebenzini wabo wesikole okungabanika inkinga enkulu uma sekumele babhale izifundo zokuhlola kwethemu lokuqala.Kudale umunyu kakhulu ukubona isikole abathembe ngaso ukugcina abantwana babo sesiphenduke into abangayazi bazoyithini.

8. Kulesi sikole kugcine kumiswa uthishanhloko uMnu Ntokozo Ngobese, izinyanga ezintathu. Nakuba uMnyango ugcizelele eyokuthi ummisele ukungaziphathi kahle emsebenzini, okumayelana nokunqaba ukubuyisa uthisha owawina elokuxoshwa ngendlela engafanele kuleso sikole, abazali banenkolelo yokuthi ujeziselwa eyokushaya phansi ngonyawo kwabo bethi amakhamera awayi ndawo.

*(Icashunwe ku: ISolezwe liwela umfula ugcwele)*

**IMIBUZO**

1.1 Nikeza igama lento okukhulunywa ngayo esetshenziselwa ukuthwebula izithombe.

A Isikole
B Amakhamera
C Ibhasi
D Isoso (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.2 Ukuhamba kwesikhathi abafundi bengekho esikolweni kuba namthelela muni ezimpilweni zabo?

A Bayakheka
B Bayasala ezifundweni
C Bayathuthuka
D Bayasizakala (1)

1.3 Shono obani abafuna kukhishwe amakhamera kulesi sikole?

A Abazali
B Umphakathi
C Othisha
D Uthishanhloko (1)

1.4 Nikeza indawo lapho kukhona khona amakhamera kulesi sikole.

A Emakilasini
B Emakamelweni
C Egunjini lokudlela
D Egunjini lokuphumula (1)

1.5 Isiphi isizathu esenza othisha bakulesi sikole balaxaze abafundi?

A Abafuni ukusebenza
B kunesiteleka somphakathi
C Abaholile izinyanga ezintathu
D Ingenxa yamakhamera asemakilasini (1)

1.6 Shono inhlangano eyaleklela ukuqhubezela lelicala enkantolo.

A I-SADTU
B I-SAPS
C I-NATU
D I-SABC (1)

1.7 Isiphi isizathu esenza abazali bakhokhele othisha ababambile kulesi sikole?

A Bagada izingane
B Baqaphe isikole
C Badlala nezingane
D Balekelela izingane ngokufunda emva kokulaxazwa othisha babo (1)

1.8 Khetha okukodwa kuloku okusho ukuyekelela into kanjalo nje.

A Ukulaxaza
B Ukusaba
C Ukukhala
D Ukuhleka (1)

1.9 Isinqumo sokufakwa kwamakhamera emagunjini okufundela kumveza njengomuntu onjani uthishomkhulu wakulesi sikole?

A Ongenandaba nabafundi nothisha
B Ulandelela ukuphepha kwabafundi nothisha
C Ohlukumeza abafundi nothisha
D Othanda izindaba (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.10 Ungaba njani umphumela wokugcinwa kwamakhamera kulesi sikole?
A Ungaba muhle ngoba bangathola ithuba lukuzithwebula
B Ungadala uzwano phakathi kothisha nabafundi
C Angeke kwenza mehluko
D Angadala ukuthi othisha bengayi emakilasini nabafundi basalele emuva (1)

1.11 Shono ukuthi abafundi bakulesi sikole banayiphi ingcindezi ngalesi simo?
A Abayi emakhaya
B Yokungafundiswa nokusalela emuva ezifundweni zabo
C Bagcwele ilokishi
D Balwisana nothisha (1)

1.12 Nikeza isizathu esishaya khona esenza abazali/umphakathi balusukumele lolu daba lwalesi sikole?
A Ingoba bayathanda
B Ingoba bafuna ukubona abafundi besesikolweni befundiswa.
C Bebengazi bazokwenzani (1)
D Bebefuna ukuteleka

1.13 Ingabe lesi simo sibaveza njengabantu abanjani othisha abafundisa kulesi sikole?
A Abasaba uthishomkhulu
B Abangafuni ukusebenza
C Abangafuni ukusebenza emakilasini anamakhamera
D Abanenkani

1.14 Shono okungahambelani naloku okukhulunywa ngako kulesi siqephu. (1)
A Othisha
B Abafundi
C Amakhamera
D Amanzi

1.15 Nikeza isizathu esizokwenza othisha bakulesi sikole baphindele esikoleni baqhubeke nokufundisa?
A Bahlale emakhaya unomphela
B Ukuthi baxoshwe
C Ukuthi bahole
D Ukuthi kukhishwe amakhamera emakilasini (1)

1.16 Ungathi isenzo sabazali sokusa othisha enkantolo sibaveza njengabazali abanjani ezinganeni zabo?
A Abazali ababakhathalele abantwana babo nemfundo yabo
B Abangayigqiziqakala indaba yokufunda
C Abaxoshisa othisha
D Abazonda isikole (1)

1.17 Phendula ngokuthi “Umbono” noma “Iqiniso” Izikole zonke emhlabeni jikelele kumele zibe namakhamera emakilasini. (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


1.18 Nikeza isizathu sempendulo yakho yombuzo 1.17. (1)

1.19 Ucabanga ukuthi uHulumeni ubengangenelela ngaluphi usizo kulesi simo lesi sikole esibhekene naso? (1)

1.20 Seluleko sini obungasinika uthishomkhulu wakulesi sikole ukuze kuxazululeke lenkinga lesi sikole esibhekene nayo? (1)

**[20]**

## UMBUZO 2: UMBHALO OBUKWAYO

Bukisisa lo mbhalo ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**ISITHOMBE-1**




**ISITHOMBE-2**



*Zithathwe ku-www.googlense*

**IMIBUZO**

Nikeza ukuthi iyiphi indawo evezwe esithombeni sokuqala.

A Izinkundla zokudlala ibhola
B Kuse kilasini
C Kusegunjini lokulala
D Kusesibhedlela (1)

2.2 Nikeza okuwumehluko phakathi kwesithombe A kanye nesithombe B
A Awukho
B Elinye kuyadliwa elinye kuyadlalwa
C Isithombe A akunabo abantu kodwa kusithombe B kunabantu.
D Isithombe A kuyaculwa kodwa kusithombe B kuyahlekwa (1)

2.3 Buka isithombe B usho ukuthi yini esho ukuthi laba abasesithombeni basegunjini lokufundela?
A Bafake umfaniswano wesikole futhi bahlezi ezihlalweni zesikole
B Bayahleka
C Bafake umfaniswano wesonto
D Bayakhala (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


2.4 Gagula into evezwe esithombeni A kanye nasesitombeni B okukhulunywa ngako kumbhalo A ofundwayo.
- A Amabhodi okubhalele
- B Amakhamera
- C amadeski okuhlala
- D Iminyango (1)

2.5 Singaba yini isizathu salona ohlezi emuva ukuthi aphakamise isandla?
- A Uyazamula
- B Uyadansa
- C Uyateleka
- D Ufuna ukuphendula umbuzo obuzwe uthisha (1)

2.6 Kulezi zithombe ezimbili ezivezwe ngenhla ungathi sithathwe nini?
- A Ebusuku
- B Ntambama
- C Emini kusase nelanga
- D Ebusuku (1)

2.7 Nikeza okungafani esithombeni-2 kanye nokushiwo embhalweni A ofundwayo
- A Esithombeni-2 kuyadlalwa
- B Esithombeni-2 kuyashunyayelwa
- C Esithombeni-2 kuyakhalwa
- D Esithombeni-2 kuyafundwa kanti embhalweni A kuyashiwo ukuthi othisha balaxaza abafundi. (1)

2.8 Tomula okungumehluko phakathi kwesithombe-1 kanye nesithombe-2
- A Isithombe-1 Kunothisha omile ofundisayo
- B Isithombe-1Kunabantu bomphakathi ababhikishayo
- C Isithombe-1 akunabantu kuleli kilasi kanti esithombeni B kunabafundi bayafunda
- D Isithombe-1 sifana ncamashi nesithombe B (1)

2.9 Ngokucabanga kwakho amakhamera asezithombeni ezingenhla asetshenziselwa ukwenzani ezindaweni ezinje ngase sikolweni? (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**UMBUZO 3: UKUFINGQA**

Fundisisa lesi siqeshana bese uyasifingqa ngamagama akho.

**IMIYALELO**

1. Fingqa le ndaba emayelana ngobuhle bokuthatha unyaka wokuphumula(gap-year)emva kokuqeda ibanga le-12.
2. Sebenzisa amagama akho, aphakathi kwangama-70 ukuya kwangama-80
3. Fingqa ngesigaba noma ngamaphuzu ayi-7
4. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
5. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

**UNYAKA OWODWA UNGAYIGUQULA IMPILO YAKHO**

Isikhathi esimnandi empilweni yileso esisichitha esikolweni.Ngesikhathi siyoqala ibanga loku-1 siba namaphupho ngesifuna ukuba yikho noma ukukwenza uma sesiqeda ibanga le-12. Kuyenzeka ukuthi ngesikhathi usuqede ibanga le-12 uthole ukuthi owawukufisa akusenzeki noma usadidekile ukuthi ufunani. Lesi isikhathi esihle sokuthi uthathe unyaka owodwa wokuphumula (gap-year).

Kubalulekile ukuthi ungayi esikhungweni semfundo ephakeme ungenaso isiqiniseko sokuthi ufuna ukwenzani. Ukuphumula unyaka owodwa kukunika ithuba lokucwaninga kabanzi ngomkhakha ofisa ukuwuthatha emfundweni ephakeme. Lokhu kuzokusiza ngokuthola ulwazi oluningi ngozokufundela.

Ucwaningo lukhombisa ukuthi baningi abafundi abashintsha imikhakha emva kwesikhashana bengenile esikhungweni semfundo ephakeme. Ukufundela lokho okufunayo kungasiza ukuthi ungamoshi isikhathi nemali yokufunda futhi uqede ngesikhathi esifanele.

Abafundi abaningi bagcina bengasakuthandi ukufunda ngenxa yobude bendlela kusukela beqala ibanga liku-1 baze bayophothula ibanga le-12. Ukuthatha unyaka owodwa wokuphumula kukunika amandla amasha azokusiza uma usuyoqala esikhungweni semfundo ephakeme.

Isikole sidle isikhathi esiningi okwenza ungabi naso isikhathi osichitha nomndeni uphinde ube usizo ekhaya. Ngokwenza loku uzizwa ubalulekile nawe emndenini.abanye bagcina bebona ngathi umndeni nezihlobo zibakhipha inyumbazana ngenxa yokungasaba boni isikhathi eside kanti basuke bematasa nemfundo.

Ezokungcebeleka nezokuvakasha zibalulekile kuwo wonke umuntu. Ukuvakashela izindawo kukunika inkululeko yokuxhumana nabantu abaningi obungabazi. Lokhu kubalulekile ekukhuliseni umqondo wakho ngaphandle kwezinto ozifunde esikoleni.

Downloaded from Stanmorephysics.com


Ukushiya ekhaya uyoqala impilo entsha kuyinselelo enkulu kwabanye abafundi. Lo nyaka ungakunika isikhathi sokuzilungiselela ukufunda izindlela zokuzimela uma usuhlala wedwa. Uzobona sengathi izinto ziba lula noma umndeni ungekho eduze kwakho.

Kukhona amakhono ongawazuza ngesikhathi usuthathe unyaka wokuphumula angakuvulela eminye iminyango engakulekelela emkhakheni ozowuthatha. Lokhu kungakwandisela ulwazi uma ususesikhungweni semfundo ephakeme

*(Icashunwe yahunyushwa ku inthanethi: www.readbooks.co.za)*

**[10]**

## UMBUZO 4: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI ENGQIKITHINI

Fundisisa lesi siqeshana esingenzansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Amantombazane aseJozini ayengawutholi umsebenzi avula inhlangano ebizwa ngokuthi 'iSiyaphila' inhloso yenhlangano ukuthi bazame ukuziphilisa. Baqala ukutshala **amazambane u-anyanisi utamatisi ithanga nekabishi.**Emva kokuvuna baqala badayisa emgwaqeni. Babeyibeka e-bank imali ababeyithola.Abantu babethenga lemikhiqizo ubuthaphuthaphu.Babhala isicelo sokuba bathole ukuxhaswa nguHulumeni ukuze bavule isitolo sabo. Leli kwaba isu elihle. Bathola ukuxhaswa uMnyango wezoLimo ngezi- 2 000 000 zamarandi. Lokhu kwakuqala ngqa ukwenzeka endaweni. Bavula isitolo basibiza ngegama lenhlangano yabo.Bazithengela imizi emihle. Indodana yenkosi yendawo yasijabulela lesi senzo samantombazane. Yathi ukuba bebengabantu besilisa ibizobachaza ngokuthi bayizinkunzi uqobo.

*(icashunwe kwi inthanethi yase ihunyushwa ku: www.studycore.co.za)*

### IMIBUZO

4.1 Khipha isiqu sebizo elilandelayo: amakhanda

A -a
B -khanda
C -ama
D -nda (1)

4.2 Khetha umusho oveza inkathi ezayo:
Amantombazane aseJozini athole umsebenzi.

A Amantombazane aseJozini azothola umsebenzi
B Amantombazane aseJozini asethole umsebenzi
C Amantombazane aseJozini awuthole umsebenzi
D Amantombazane aseJozini asewutholile umsebenzi (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com


4.3 Nikeza igama elilodwa esikhundleni salawa abhalwe ngokugqamile kulomusho: Baqala ukutshala **amazambane**,**u-anyanisi**, **utamatisi** kanye **nekabishi**

A Izithelo
B Amakhaza
C Izihlahla
D Imifino (1)

4.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe, echaza uhlobo lwendlela yesenzo esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:
Inkampani yaqala **ukuziphilisa** ngokudayisa

A Indlela ephoqayo
B Indlela esabizo
C Indlela yamandla
D Indlela eyamile/encikile (1)

4.5 Bhala igama lesiZulu elisho e-bank

A ebhenki
B ebhenge
C ebhange
D ebhangu (1)

4.6 Bhala ubulili besifazane balamagama abhalwe ngokugqamile kulemisho elandelayo:

a) **Indodana** yenkosi yakule ndawo yasijabulela isenzo samantombazane (2)
b) **Inkosi** yakujabulela kakhulu ukubona lokhu.

4.7 Guqula igama elikubakaki ukuze umusho uzozwakala kahle. (1)
Imali yayingena (-khulu)

4.8 Bhala lomusho olandelayo uqale ngegama elibhalwe ngokugqamile:
Amantombazane avula **isitolo**

4.9 Tomula isenzukuthi kulomusho olandelayo bese usisebenzisa emushweni ozakhele wona: Lokhu kwakuqala nqa ukwenzeka endaweni (2)

4.10 Nikeza amagama amqondophika alawa alandelayo: (2)

a) ukuvula-
b) ukutshala-

Downloaded from Stanmorephysics.com


4.11 Phinda unikeze amagama amqondofana alawa abhalwe ngokugqamile kulemisho elandelayo (2)

a) Emva kokuvuna, baqala **badayisa** emgaqweni.
b) Leli kwaba **isu** elihle.

4.12 Sebenzisa igama elithi **'Ithanga'** emushweni ozakhele wona seliveza imiqondo emibili eyahlukene. (2)

4.13 Lungisa umusho olandelayo ufake izimpawu zokuloba ezifanele: (4)
Baqale ukutshala amazambane u-anyanisi utamatisi ithanga nekabishi

**[20]**

**AMAMAKI ESEWONKE 60**

Stanmorephysics.com